

UMongameli uDieter F. Uchtdorf

UMeluleki wesiBili
kubuMongameli bokuQala



uKwehlika ngokuPhepha eSiyaluyalwini

Esikhathini esingekude kakhulu mina kanye nonkosikazi wami, uHarriet, sasisesikhunyulweni sezindiza sibuka izindiza ezimangalisayo zehla. Kwakungusuku olwalunomoya, futhi kwakungumoya ovunguza kakhulu ubhekane nendiza eqhamukayo, owenza wonke umuntu ukuthi aketuke futhi aqhaqhazele ekuqhamukeni kwawo.

Sathi sisawubuka lomzabalazo phakathi kwemvelo kanye nomshini, umqondo wami wabuyela ezinsukwini ngisafundela ukundizisa kanye nasezimisweni engazifunda khona—okwathi ngokuhamba kwesikhathi ngazifundisa abanye abashayeli bezindiza ababesafunda.

Ngangibatshela “Ningalwi nezilawuli esikhathini sesiyaluyalu,” “Yehlisa umoya; ungathathi ngamawala. Amehlo akho mawagxile emugqeni ophakathi nendawo endaweni yokwehlela. Uma uchezuka endaweni ofisa ukuqhamukela kuyona, lungisa ngokushesha futhi nangobuchwepheshe. Thembela kulokhu okungezeka kwindiza yakho. Shayela uphume esiyaluyalwini.”

Abashayeli bezindiza abanespiliyoni bayakuqonda ukuthi abakwazi ukulawula izinto ezenzeka eduze kwabo ngasosonke isikhathi. Abakwazi ukuvele bacishe isiyaluyalu. Abakwazi ukunyamalalisa imvula noma iqhwa. Abakwazi ukwenza umoya uyeke ukubhebhetheka noma ushinshe indlela obheke kuyona.

Kodwa futhi bayakuqonda ukuthi kuyiphutha ukusaba esiyaluyalu noma umoya onamandla—futhi ikakhulukazi

ukuthi bakhutshazwe iyona imimoya. Indlela yokwehlela ngokuphela uma izimo zezulu zibukeka zingezinhle ukuthi uhlale endleleni elungile futhi ushishilize kuleyondlela ngendlela okwazi ukwenza ngayo kahle hle.

Njengoba ngangibuka enye yezindiza emuva kokuba enye isondela okokugcina yavele yangikhumbuza imigomo engayifunda eminyakeni yami ngingumshayeli wezindiza, ngacabanga ukuthi asikho yini isifundo kulokhu ezimpilweni zethu zansukuzonke.

Asikwazi ukunqanda izivunguvungu impilo eziletha endleleni yethu ngazo zonke izikhathi. Ngesinye isikhathi izinto azihambi ngendlela esiyifisayo. Singazizwa sinyakazisekile futhi siphephukele ngakusona isiyaluyalu sokuphoxeka, sokungabaza, sokwesaba, sokudabuka, noma sokucindezeleka.

Kulezo zikhathi, kulula ukuthi ugxile kuyo yonke into engahabi kahle futhi senze izinkinga zethu isikhungo semicabango yethu. Isilingo ukuthi sigxile kwizinkinga esibhekene nazo esikhundleni sokuthi sigxile kuMsindisi kanye nasebufakazini bethu beqiniso.

Kodwa lokhu akusiyona indlela enhle kakhulu yokuthi siqondise indlela phakathi kwezinkinga zethu empilweni.

Njengoba umshayeli wezindiza onesipiliyoni engagxili esivunguvungwini kodwa egxila esikhungweni sendlela evulekile nasekuthinteni phansi ngendlela okuyikho, nathi ke kumele sigxile esikhungweni sokholo lwethu—kuMsindisi wethu, kwivangeli Lakhe, kanye nakwicebo likaBaba

wethu oseZulwini—kanye nasempokophelweni yethu yokugcina—ukubuyela siphephile ekhaya lethu lasezulwini. Kumele sethembe uNkulunkulu futhi sigxilise imizamo yethu ukuhlaleni endleleni yobufundi. Kumele sigcine amehlo ethu, inhliziyi, kanye nengqondo igxile ekuphileni ngendlela esaziyo ukuthi kumele siphile ngayo.

Ukutshengisa ukholo lwethu kanye nethemba kuBaba oseZulwini ngokuthi sigcine imiyalelo Yakhe ngokwejabula kuzosilethela injabulo kanye nodumo. Futhi uma sihlala endleleni, sizodlula kunanoma isiphi isiyaluyalu—ngisho kungathiwa sibukeka sinamandla kangakanani—futhi siphindele ngokuphepha ekhaya lethu elisezulwini.

Noma izibhakabhaka eduze kwethu ziqhame ngokusobala noma zigcwele amafu asongelene, njengabafundi bakaJesu Kristu, sifuna kuqala umbuso kaNkulunkulu kanye nokulunga Kwakhe, ukwazi ukuthi uma senzenjalo, yonke enye into esiyidingayo sizonikezwa ekugcineni (bheka Matewu 6:33).

Kwaze kwaisifundo esibalulekile sempilo!

Uma siqhubeka ukulokhu sinaka ubunzima bethu, izinkinga zethu, ukungabaza kwethu, kanye nokwesaba kwethu, ilapho izinto ziqhubeka ziba nzima kakhulu. Kodwa uma sigxila ekufinyeleleni ekhaya lethu ezulwini kanye nakwintokozo yokwelandela indlela yabafundi—ukwethanda uNkulunkulu, ukusiza umakhelwane wethu—ilapho sinethuba khona lokuthi siphumelele ekuhlaleni ezikhathini ezinzima futhi ezinobuyaluyalu.

Bangani abathandekayo, ngisho kuthiwa imimoya indlame kangakanani ekuphileni kwethu lapha emhlabeni, ivangeli likaJesu Kristu liyohlezi lisinika indlela okwiyona yona ephephile yokufika embusweni kaBaba wethu oseZulwini.

UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

UMongameli u-Uchtdorf uyasibonisa ukuthi kumele “sethembe uNkulunkulu futhi sigxilise imizamo yethu ekuhlaleni endleleni yobufundi.” Cabaga ngokubuzo labo obafundisayo ukuthi bahlale kanjani ngaphambili begxile “ekufinyeleleni ekhaya lethu ezulwini kanye nakwintokozo yokwelandela indlela yabafundi”

ezikhathini lapho bebhakene nobunzima. Ungabamema ukuthi bacabange izindlela ezingabenza bagxila kubufakazi kanye nakuKristu izikhathini ezinzima kuthi ngomkhuleko banqume ukuthi bazoqala kanjani ukwenza owodwa noma engaphezudlwana okwalembono ezimpilweni zabo.

INTSHA

ISisekelo sobuFakazi Bami

NguJennifer Weaver

Ngineminyaka eyi-16, umngani wafika ekhaya lethu ehamba nezithunywa zevangeli. Esikhathini esingangenyanga engxoxweni yokuqala yonke imibuzo yami yaphenduleka ngokucacile. Ngawuzwa uMoya oNgcwele ufakaza ngeqiniso lomlayezo wokuBuyisela. Kwakungafani nokunye engake ngakuzwa, futhi ngagazi ukuthi konke kuyiqiniso.

Nokho, ngahlangabezana nokukhulu ukwaliwa kanye nokuphikiswa engingakaze ngihlangabezane nakho ngaphambilini. Ngazizwa ngingedwa, ngikhathele, futhi ngididekile. Uma ngangenza into enhle, kungani ngangihlangabezana nobunzima obungaka? Angikwazanga ukuqonda ukuthi izilingo zami zingisiza kanjani ukubona okuhle. Izithunywa zevangeli zangifundisa ukuzila ukudla kanye nokuthandaza, ngisho phakathi osukwini lwesikole. Uma izinto zazingabekezeleki ngangithela inhliziyi yami futhi ngokushesha ngizwe induduzo yoMoya.

Isonto lokubhabhadiswa kwami lwalugcwele izilingo Umphathi wami wangisongela ngokuthi uzongixosha uma ngingeqi usuku lwami lokubhabhadiswa ngiyogcwalisa isikhala somunye, ngagcina esibhedlela nginesifo sezinsu, futhi abazali bami bangicela ukuthi ngihambe ekhaya lethu. Kulezi zinto ezingaka ezingalawuleki, into eyodwa angangingayenza kwakungu kuphulukela eNkosini.

Ngazinye lezi zilingo zaphenduka zaba usizo kumina. Bangisiza ngafunda ngezimfundiso zevangeli, ezanginika isisekelo sobufakazi bami

Umbhali uhlala e-Idaho, USA.



UMshado uMiswe uNkulunkulu

Ngomkhuleko funda lemibhalo futhi ufune ukwazi ngalokho ongabelana ngakho. Ukuqonda “uMndeni: IsiMemezelo soMhlaba” kungalunyusa kanjani ukholo kuNkulunkulu futhi kubabusise kanjani labo obabhekile ngokubavakashela na? Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku reliefsociety.lds.org.

Ukholo, Umndeni, Inkululeko

Abaphrofethi, abaphostoli, kanye nabaholi bayaqhubeka uku “memezela ngesizotha ukuthi umshado phakathi kwendoda nomfazi umiswe uNkulunkulu nokuthi futhi umndeni isiseko kwicebo loMdali.”¹

IGosa uD. Todd Christofferson woMgwamanda wabaPhostoli abayishiShumi Nambili wathi: “Umndeni owakhelwe emshadweni phakathi kowesilisa nowesifazane unikeza indawo enhle kakhulu yokuqhube-kisa icebo likaNkulunkulu. . . .

“ . . . Noyedwa kuthina noma komunye la emhlabeni ongashintsha lolu hlelo lwaphezulu lomshado.”²

uBonnie L. Oscarson, umongameli jikelele Wentsha yabeSifazane, wathi: “Wonke umuntu, ngisho kukuthiwa sinjani isimo sakhe somshado noma inani lezingane, angaba ngumvikeli wecebo leNkosi njengoba libhaliwe kwisimemezelo somndeni. Uma kuyicebo lweNkosi, kumele kube yicebo lethu imbala!”³

IGosa uChristofferson waqhubeka: “Abanye benu banqatshelwe isibusiso somshado ngezizathu ezimbalwa njengokuswela umlingani okufaneleyo, ukuthadana kwabantu bobulili bunye, ukuphazamiseka ngokomzimba noma

ngokomqondo, noma nje kube ukwesaba ukwehluleka. . . . Noma uke washada, kodwa umshado waphela. . . . Abanye benu abashadile abakwazi ukuba nabantwana. . . .

“Ngisho kunjalo, . . . wonke umuntu angakwazi ukuhlanganyela ekuqaqeni kwalelicebo laphezulu esizukulwaneni ngasinye.”⁴

Eminye imiBhalo eNgcwele

Genesisi 2:18–24; 1 AbaseKhorinte 11:11; Imfundiso neZivumelwano 25:3; 49:15–17

Izindaba eziPhilayo

Umfo uLarry M. Gibson, umeluleki wokuqala wangaphambilini weNtsha yabeSilisa, wakhumbula ngesikhathi uShirley, ongunkosikazi wakhe manje, ethi:

“‘Ngiyakuthanda ngoba ngiyazi ukuthi uthanda iNkosi ngaphezulu kokuthanda mina.’ . . .

“Leyo mpendulo yathusa inhleziyo yami. . . .

“ . . . [Futhi] ngangifuna ukuthi ehlezi ezwa ukuthi ngithanda iNkosi ngaphezu kwakho konke okunye.”⁵

IGosa uDavid A. Bednar lomGwamanda wabaPhostoli abalishiShumi Nambili wafundisa: “INkosi

uJesu Kristu uyindawo ebalulekile kubudlelwano bomshado wesithembiso. . . . [Cabanga ukuthi] uMsindisi ubekwe esicongweni [so] nxantathu, nowesifazane esizindeneni sekhona elilodwa kanye nowesilisa kwisizinda selinye ikhona. Manje cabanga ngalokhu kwenzakalani kubudlelwano phakathi kowesilisa nowesifazane uma ngamunye kancane ‘eza kuKristu’ futhi bezama ‘ukupheleliswa kuYena’ (Moroni 10:32). Ngenxa futhi ngaphakathi kuMkhululi, owesilisa nowesifazane bayasondelana ndawonye.”⁶

AMANOTH

1. “Umndeni: IsiMemezelo kuMhlaba Wonke,” *Liahona*, Okt. 2010, 129.
2. uD. Todd Christofferson, “Kungani uMshado, Kungani uMndeni,” *Liahona*, Meyi 2015, 52.
3. uBonnie L. Oscarson, “abaVikeli besiMemezelo soMndeni,” *Liahona*, Meyi 2015, 15.
4. uD. Todd Christofferson, “Kungani uMshado, Kungani uMndeni,” 52.
5. uLarry M. Gibson, “ukuGwalisa ubuPhakade Bethu baPhezulu,” *Ensign*, Feb. 2015, 21–22.
6. uDavid A. Bednar, “uMshado uBalulekile kwiCebo Lakhe lwaPhakade,” *Liahona*, Juni 2006, 54.

Cabanga Ngalokhu

Ngizama kanjani mina futhi kancane u“kuza kuKristu”?